



A photograph showing two people, a man and a young boy, sitting at a table covered with several open books or papers, appearing to study together. The background is a plain wall with a small framed picture.

Ukuhlomisa izingane zethu
ngelikusasa

Isiqinisiso 1

Isihloko sesifundo: INkonzo eNgcwele yabalele

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya



Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **INkonzo eNgcwele yabalele**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSH</p>
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none">• IBhayibheli• Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe• Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll.• I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho• Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). <p>Qaphela:</p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 1.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethulizi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.</p>



Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. Isibonele: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhoso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazel yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To....)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo **sesiQinisiso -1** nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha wesiKole abazimisele ukukusiza.



Isifundo

Isihloko	INkonzo eNgcwele yabalele
Umbhalo weBhayibheli	Imibhalo yeBhayibheli ebhalwe ngokwesifingqo sesifundo ngezansi
Inhloso yesifundo	AbaQinisiswa bafunda ukwazi ukuthi ngokukhulekela imiphefumulo esenhlalweni yabalele bangasiza emsebenzini wensindiso.

Isifundo esifingqiwe:

1. ULazaru nendoda eyisicebi

Ingabe uyayikhumbula yini indaba kaLazaru nendoda eyisicebi na? Isicebi sasiphila impilo yokunethezeka nsuku zonke. Ngakolunye uhlangothi uLazaru wayengumuntu ompofu okwakudingeka aphile ngezinsalela ezaziwa etafuleni lesicebi. Lapho laba ababili befa uLazaru waya ukuyohlala no-Abrahama. Isicebi kodwa, sangena embusweni lapho sahlupheka khona kabuhlungu. Lapho sibona uLazaru eno-Abrahama bekude wamemeza wathi: “Baba Abrahama, ngizwele! Thumela uLazaru kimi acwilise isihloko somunwe wakhe emanzini futhi apholise ulimi Iwami. Ngikhathazekile kulawa malangabi” (NgokukaLuka 16: 19-31).

2. Izinhlalo ezahlukahlukene enhlalweni yabalele

- Uma abantu befa imiphefumulo yabo ingena enhlalweni yabalele leyo ehambisana nesimo sayo ngesikhathi sokuphila kwabo. **Isibonele**, uma isela lifa liya enhlalweni yamasela.
- Umphefumulo womuntu awukaze wenze ushintsho ngenxa yokufa komzimba.
- Umphefumulo ubuye uqhubeke nokusindwa ngazo zonke izono ezingathethelwanga.
- Labo abangasekho bangasibona isimo sabo futhi labo abahluphekayo bangathembela osizweni oluthile.
- Ezinhlalweni zabalele sithola nabafele kuJesu Kristu.
- Leli qembu lifaka phakathi nalabo abathole amasakamente sebesezinhlalweni zabalele. Balindele ukubuya kukaKristu futhi bazilungiselela ngakho.

3. Usizo lwemiphefumulo engakahlelengwa

- Kusukela emhlatshelweni wokuzinikela kukaJesu Kristu, ukuguquka kwesimo semiphefumulo esenhlalweni yabalele kuye kwenzeka ukuba kube ngcono.
- Emva kokufa kukaJesu Kristu, Yena wangena enhlalweni yabalele (yabafileyo) washumayela khona-belu lapho (1 Petru 3: 19-20).
- Ngalokho-ke, umuntu usengathola insindiso emva kokufa komzimba.
- Nathi, sifuna ukunxusa uBaba wethu oseZulwini ukuba asize imiphefumulo engakhululwanga esezinhlalweni zabalele.
- Imithandazo yethu mayelana nalena miphefumulo iyizinkomba zothando lwethu ngabantu bakithi.

4. INkonzo eNgcwele yabalele

- Imiphefumulo esezinhlalweni zabalele imenyiwe kuleyo naleyo Nkonzo eNgcwele.
- Umhlatshelo kajesu Kristu uhlinzeka ukufinyelela ngesihle ekusindisweni komphefumulo ngamunye olangazelela ukuhlelengwa nokusindiswa.
- Kathathu ngonyaka (ngosuku lwangeSonto lokuqala enyangeni kaNdasa, uNtulikazi kanye noLwezi) kuneziNkonzo eziNgcwele zabalele lapho amasakamente anikezelwa khona.



- Ngesikhathi seNkonzo eNgcwele lena miphefumulo izwa izwi likaNkulunkulu njengobanje nathi silizwa.
- Emva kokuxolelwa kwezono kanye nokugubha umkhosi weSidlo seNkosi esiNgcwele uMphathi-nkonzo uyakhuleka.
- INhloko yabaPhostoli, abaPhostoli beziFunda, noma umPhostoli uzobe esenikezelza amasakramente kulabo abangasekho.
- Imiphefumulo engazange ithole ubhaphathizo iqala ithole uBhaphathizo oluNgcwele.
- Isipho sikaMoya oNgcwele sinikezwa labo abalungiselelwe ngokufanele.
- Ngemuva kwalokho iSidlo seNkosi esiNgcwele sinikezelwa abangasekho.
- Abefundisi (IziNceku) ababili bema njengabameli (abamele) labo abangasekho ngesikhathi sokunikezelwa kwamasakramente.
- Lokho lena miphefumulo ehlangabezana nakho ngamasakramente nezwi kuba nomthelela esimweni sompheyfumulo wabo ezinhhlalweni zabalele.

5. Ingabe singaba nosizo kanjani emiphefumulweni esenhlaweni yabalelele na?

- Kuyo yonke imikhuleko, siyayifaka (siyayibandakanya) imiphefumulo eseziinhhlalweni zabalele.
- Ngaphambi kweNkonzo eNgcwele yabalele, siyayikhulekela ikakhulukazi lenamiphefumulo.
- Sicela iNkosi ibasize futhi sithandazela nokuthi imiphefumulo ikholwe kuJesu Kristu nokuthi ivulekele ukwamukela insindiso kaNkulunkulu.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- Kukhona usizo lwemiphefumulo engakhululwanga (engakah lengwa).
- Izwi namasakramente abalulekile kithina lapha emhlabeni, ngendlela efanayo nasemiphefumulweni eseziinhhlalweni zabalele, iNkonzo eNgcwele yabalele ibalulekile nakubo.
- Thina singabamba iqhaza ngokuyikhulekela imiphefumulo eseziinhhlalweni zabalele.

Eminye imibuzo engabuzwa:

1. Ingabe ngingakwazi yini ukuxhumana nabangasekho na?

Impendulo: Ngokukhumbula abangasekho futhi sibathandazele, siba nokuxhumana nabo.

2. Ingabe kuthiwani ngokuya esangomeni noma kubantu abathi bangabiza futhi bakhulume nabantu abaleleyo (fileyo) na?

Impendulo: Ukuzama ukuxhumana (ngokusebenzisa imilingo noma ubuthakathi) nabangasekho kwenqatshelwe nguNkulunkulu. KuDuteronomi 18: 10-12 uthi:

“Makungafunyanwa kuwe umuntu [...] nemimoya, noma obiza abafileyo. Ngokuba bonke abenza lezi zinto bayisinengiso eNkosini”.

3. Ingabe kukhona yini ukuphindukuzalwa (ukuphila-kabusha) kwabafileyo na?

Impendulo: Cha. Noma yimuphi umqondo wokuphinde uvele uphilile emhlabeni lapho ubufile, noma ngesimo somuntu; isilwane noma ngesimo sesitshalo kuyaphikisana nokushiwo yiBhayibheli futhi nangalokho okuqukethwe yivangeli: “*Futhi njengalokhu kumiselwe abantu ukuba bafe kanye...*” (*Hebheru 9: 27*).



UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen



Notes
